Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2021

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-15.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-40

9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

UCWANINGO NGEZINYE IZINDLELA ZOKUNGCWABA

1 Isiphelile iminyaka elishumi emhlabeni wonke jikelele kubikwa inkinga yezindawo zokungcwaba ezindaweni ezingamadolobha nezingamalokishi. Nakuleli laseNingizimu Afrika isiqalile ukuba ngundabamlonyeni emaphepheni nasemisakazweni le nkiyankiya.

2 Zimbili izindlela zokungcwaba abantu ebezilokhu zisetshenziswa, eyokulothisa (ukushiswa kwesidumbu) neyokumbela umzimba. Lezi zindlela zisetshenziswa kuzo zonke izizwe emhlabeni wonke. Kuyaye kuye ngezinkolelo namasiko alabo bantu ukuthi iyiphi indlela yokungcwaba abayikhethayo nabayithandayo. Kwesinye isikhathi kuba isifiso salowo ongasekho ukuba afihlwe ngokulothiswa. Indlela umuntu asuke eshone ngayo nayo ingaphoqelela umndeni ukuba umlothise njengokushonela kwelinye izwe nangezinye izifo. Lokhu kungenza uhulumeni wakulelo zwe angavumi ukuba lowo mzimba uthwalwe uyiswe kwelinye izwe. Kusuke kusatshelwa ukusabalala kwegciwane lesifo esimthathile okungaholela ekutheni umNyango wezeMpilo ube senkingeni.

3 ENingizimu Afrika, iTheku lingelinye lamadolobha asanda kumemezela ukuthi kungekudala lizobe selentula indawo yokungcwaba. Izindawo zokungcwaba eziningi ezizungeze iTheku sezigcwele. Ngakho-ke kunesidingo sokuthi uhulumeni aqale umkhankaso wokufundisa umphakathi mayelana nezinye izindlela ezingasetshenziswa uma kungcwatshwa. Lo mkhankaso uzoqala ezikoleni nasemanyuvesi akuleli ngoba umyalezo ufinyelela kalula emphakathini uma uqale khona. Bekunengqungquthela ebibanjelwe eThekwini ye-Pan African Cemeteries and Crematoria. Ibithanyelwe izingcithabuchopho ezivela emazweni omhlaba ahlukene ukuze kuxazululwe le nkinga yokuncipha nokuntuleka kwendawo yokungcwaba. Enye indlela yokungcwaba okubhungwe kabanzi ngayo yileyo yokungcwaba abantu ethuneni elilodwa. Ayizange ibe indlela eshayelwa ihlombe leyo. Kunalokho abantu abaMnyama ababekuleyo ngqungquthela bawothe ubomvu.

4 Amazwe amaningi aphesheya kwezilwandle ayekule ngqungquthela athatha isinqumo sokusebenzisa indlela yokulothisa umuntu uma eshonile. Lokhu kwenzelwa ukuvikela imvelo kanye nokonga imali uma kunomngcwabo ojwayelekile. Kuvelile kule ngqungquthela ukuthi omasipala abaningi bamadolobha aseNingizimu Afrika abanayo imishini nezinsiza ezanele neziseqophelweni eliphezulu zokulothisa umzimba. Kungadingeka ukuba oMasipala baqalise ngohlelo lokuthengwa kwalezi zinsiza nomhlaba owanele ozosetshenziswa ekwakheni kwamaziko okulothisa.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5 Okuphawulekayo ukuthi sebekhona abantu abaMnyama ezwenikazi i-Afrika asebeqalile ukungcwaba ngokulothisa imizimba. Kuyabonakala ukuthi ukulothiswa komzimba yikhona okudlondlobalayo kulezi zinsuku zanamuhla, ikakhulukazi kulaba abezizwe okungamaNdiya, amaKhaladi kanye nabaMhlophe. Ucwaningo oselwenziwe lukhombisa ukuthi imiphakathi eyahlukene isiyaqala ukubona izingqinamba ezinhlobonhlobo ezibhekene noMasipala mayelana nokuntuleka kwendawo yokungcwaba. Lokhu kuyalekelela ekutheni imiphakathi iluqonde kangcono uhlobo lokungcwaba ngokulothisa. Ukulothisa akusho ukuthi akulahlwe okuyisiko mayelana nezindlela izizwe ezahlukene ezenza ngayo uma zishiywe othandiweyo wazo kodwa kuyindlela nje yokungcwaba.

6 Isizwe samaZulu singesinye sezizwe esingakholelwa kakhulu ekungcwabeni ngokulothisa izidumbu. NgokukaSolwazi uSihawukele Ngubane, abanye abantu bakuthatha njengesiqalekiso nokuchapha ngenhlamba labo abasuke bengasekho uma uthi mabalothiswe. Bangazithola sebehlelwa isithunzi sabo futhi bangabe besenzelwa imisebenzi ethile. Kunemidanti eminingi egcinwa kuphela ethuneni ngabantu abangumndeni nezihlobo. Ukuthela inhlabathi ethuneni kungeminye yemidanti esetshenziselwa ukwamukela ukuthi oshonile ngeke niphinde nimbone. Isizwe esinsundu siyakholelwa ekuxhaseni abashonelwe ngokuthi sibe yingxenye yokuphelezela abehlelwe ifu elimnyama. Uphinde athi ukulothiswa kwabo akuyona into enesasasa esizweni samaZulu futhi siyakholelwa empilweni yangale kwethuna. Aqhubeke ngokuthi kuvame ukuthi uma kushone umnumzane wekhaya aphathiswe imbewu nomkhonto engcwabeni lakhe ukuze akwazi ukuvikela umndeni wakhe aphinde awulethele izinhlanhla. Abanye abantu abamnyama baphinde bakholelwe ukuthi uma umuntu elothisiwe kumele enzelwe umsebenzi wokumgeza ukuze amukeleke ezweni lamathongo ngoba abamazi ewumlotha. Uphetha ngokuthi ukufa kubukwa njengendlela eyisiqalo esisha sokuba ingxenye yokuphila ezweni lamathongo.

7 Abanye abacwaningi ababhekelele izindaba zamasiko, izinkolelo nendlela ejwayelekile yokuphila bayakuveza ukuthi abantu abansundu bayakwazisa ukuthi kungcwatshwe isidumbu emathuneni abazokwazi ukuwavakashela ukuze bahlale bexhumene nabangasekho. Lokho kugcizelela ukuthi wonke umuntu abe nengcwaba, angalothiswa. Kunenkolelo yokuthi uma abantu belothiswa bangahle babe imingcwi umoya wabo ungaphumuli ngokuthula.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

8	Kunombono wokuthi kungakuhle abantu bazikhethele indlela abangathanda ukuthi bangcwatshwe ngayo. Masingakhohlwa ukuthi ukufa kuyisela yingakho kufanele kuxoxwe ngakho emindenini yethu kusekuhle. Yize kungelula ukuxoxa ngezindaba ezithinta imingcwabo kodwa kuhle sikwenze ukugwema ezinye zezingxabano eziba khona uma sekushoniwe. Imindeni enemihlaba ezindaweni zasemakhaya ingangcwabela khona noma umndeni owodwa usebenzise ingcwaba elilodwa uma usemadolobheni. Masivume ukuthi impilo ifana nesondo lona eliphenduphendukayo kanjalo nezikhathi ziyaguquguquka. Masizame ukuhambisana nezikhathi ndlu emnyama. [Icashunwe kuMercury yabuye yahunyushwa-September 25, 2019]	80 85

KANYE NO

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

1. **Kuyangcwatshwa**

2. **Kuyalothiswa**

3. **Indawo yokugcina abalothisiwe enamagama abo emabhokisaneni**

4. **Ukuvakashela abangasekho**

[Zicashunwe ku-inthanethi funeral and crematorium.com]

IMIBUZO (UMBHALO A OFUNDWAYO)

1.1.1 Tomula isisho esigabeni soku-1 esiveza ukuthi indaba yokuntuleka kwendawo yokungcwaba kukhulunywa ngayo njalo. (1)

1.1.2 Shono OKUTHATHU okungaba izizathu zokukhetha indlela yokungcwaba umzimba ngokwesigaba sesibili salesi siqeshana. (3)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.1.3 Fingqa ngamaphuzu AMANE okwenza abanye abantu abangamaZulu bangaluthokozeli uhlelo lokungcwaba ngokulothisa umzimba ngokukaSolwazi uNgubane. (4)

1.1.4 Iyini inhloso yombhali ngokubhala umusho wokugcina walesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.5 Chaza imbangela yezingqinamba omasipala bamadolobha aseNingizimu Afrika abangabhekana nazo ezingenza bahluleke ukumelana nokulothisa izidumbu. (2)

1.1.6 Ucabanga ukuthi kungaba njani uma abantu abaningi bengasebenzisa uhlobo lokulothisa abantu nelokungcwaba umndeni engcwabeni elilodwa? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.7 Ngabe UMBONO noma IQINISO: Lo mkhankaso uzoqala ezikoleni nasemanyuvesi akuleli ngoba umyalezo ufinyelela kalula emphakathini uma uqale khona? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.8 Xoxa ngokusetshenziswa kwesimo sokukhuluma esidwetshelwe esitholakala esigabeni sokugcina ukuthi sihambelana kanjani nokuqukethwe yilesi siqeshana. (2)

KANYE NO

IMIBUZO (UMBHALO B OBUKWAYO)

1.2.1 Nikeza isizathu esenza ukuthi kubaluleke ukuba khona kwabantu emngcwabeni. Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka esithombeni soku-1. (1)

1.2.2 Nikeza OKUBILI okungumehluko phakathi kwesithombe soku-1 kanye nesithombe sesi-2. (3)

1.2.3 Emuva kokufunda UMBHALO A isigaba sesi-6 kanye nokubuka isithombe sesi-4 esikuMBHALO B. Qhathanisa ubudlelwano phakathi kwesigaba sesi-6 kanye nesithombe sesi-4. (4)

1.2.4 Isithombe sesi-3 siveza lapho kugcinwa khona imilotha yabantu abalothisiwe. Phawula usho ukuthi silekelela kanjani ukuthi abantu bamukele ukulothiswa. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nemiphumela engemihle edalwa ingcindezi yontanga.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nemiphumela engemihle edalwa ingcindezi yontanga usebenzise amagama akho angedluli kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usifingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

IMIPHUMELA ENGEMIHLE EDALWA INGCINDEZI YONTANGA

Ingcindezi yontanga iyingxenye yempilo esidlula kuyo sonke. Ungazithola ubhekene nengcindezi ngenxa yabangani noma izihlobo. Ezinye izingane ziyakwazi ukulwa nengcindezi yontanga kanti ezinye le ngcindezi igcina inomphumela ongemuhle empilweni yazo. Abazali abaqapheli uma izingane zabo zinengcindezi yontanga ngoba bakhule esikhathini sakudala esingafani nesikhathi samanje.

Kukhona abangani ababa nomthelela omuhle kanti abanye baba nomthelela ongemuhle empilweni. Ingane ingaphelelwa ukuzethemba uma inengcindezi yabangani. Lokhu kungaholela ekutheni izingabaze ngenxa yokuthi isuke isingaziqondi kwayona uqobo ukuthi ingubani. Ukungazethembi kuyingozi ngoba kugcina kubuguqulile ubuyona.

Ingcindezi yontanga ingenza amabhungu namatshitshi ayengeke kalula ekwenzeni imikhutshana eyingozi. Le mikhutshana efana nokuphuza uphuzo oludakayo, nokubhema izidakamizwa nokunye, yenzeka kakhulu uma ingcindezi isidlondlobele ngokweqile. Okusempeleni amabhungu namatshitshi ayayazi le mikhuba ukuthi iyingozi kodwa azifaka ngenkani kuyona ngenxa yokuthi asuke efuna ukwamukeleka kontanga bawo. Asuke engabuboni ngeso elibanzi ubungozi azifaka kubo obuzogcina bulimaze impilo yawo yonke.

Emazingeni athe thuthu ezemfundo kulapho kukhethwa khona isigungu sabafundi esikhethelwa ukuba yingxenye yobuholi besikole. Laba bafundi baqhamuka emakhaya ahlukahlukene ngokwezimo zomnotho. Abafundi bagcina sebengasezwani ezikoleni ngenxa yokuklolodelana. Lokhu kungaholela ekutheni abanye abafundi bazithole sebebizwa ngezici ngenxa yezimo zasemakhaya. Emehlweni ontanga labo bafundi basuke bengelutho.

Intsha ikuthatha njengokuba phambili ukwamukeleka kontanga. Lokho kusho ukuthi konke okushiwo ontanga yikhona okulungile kunezimfundiso zabazali nothisha. Kwesinye isikhathi ingcindezi yontanga inomthelela ongemuhle ezifundweni ngisho noma ngabe umuntu ubezimisele kangakanani. Intsha ayenzi kahle ngamabomu ezifundweni ngoba ingafuni ukukhishwa inyumbazane ontanga. Izifundo zayo ziyehla ngenxa yokuthi ifuna ukunconywa abangani ngokuchitha isikhathi esiningi nabo kunokubhekana nezifundo zayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Kuvamile ukuthi abantu abangamabhungu namatshitshi bacabange ukuthi akekho umuntu obaqondayo futhi wonke umuntu uyabazonda umelene nabo. Bangagcina sebengene engozini yokuzahlukanisa nomindeni yabo kanye nabangani ababakhathalelayo.

Ukuthanda imfashini kanye nemali kungezinye zezinto eziyingcindezi kubantu abasha. Ngenxa yengcindezi ingane igcina isifuna imali ngenkani kubazali yize yazi ukuthi abazali bayo bahlwempu ngeke bakwazi ukuyithengela izingubo zikanokusho.

Kwabanye abantu abasakhula le ngcindezi ingadala omkhulu umonakalo ongagcina usuletha usizi emndenini. Zikhona izindlela okungagwenywa ngazo ukuba intsha ingazitholi isisogibeni lokwenganywa ukhwantalala. Ingcindezi yontanga akulula ukuba iyizibe kanjalo nabazali ngeke bakwazi ukuyivalela kuhle kweminqolo egumba etsheni. Abazali abaqonde ukuthi yize izingane ziyidinga inkululeko kodwa kumele zikalelwe yona zingabi nayo kuze kweqe. Kubalulekile abazali bahlale bezazisa izingane zabo ukuthi bayazithanda.

[Icashunwe ku-peer pressure.com yabuye yahlelwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

Amagama akhulisiwe asemabhodleleni				
Geza nge-shampoo	Thambisa	Khulisa	Vikela ukuqothuka	Cwazimulisa

[Icashunwe ku*BONA*, November 2019, yabuye yahlelwa kabusha]

3.1 Shono ukuthi lesi sikhangisi sibhekiswe kobani. (1)

3.2 Nikeza isizathu sokusetshenziswa kolimi olukhohlisayo, 'khulisa isihluthu sakho nsuku zonke' kulesi sikhangisi. (1)

3.3 Chaza kafushane ubudlelwane phakathi kowesifazane osesikhangisweni kanye nomkhiqizo okhangiswayo. (2)

KANYE

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO E) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

YIBA NEZINDEBE EZIBUSHELELEZI

Akekho othanda izindebe ezixebukayo. Uma uthanda ukuba nezindebe ezibukeka kahle, uyadinga ukwenza okuthile ngazo.

Izindlela zokuqeda ukuxebuka kwezindebe:

IZITHAKO

- Izipuni ezi-2 zempushana yamakhasi ewolintshi omisiwe
- Amaconsi ayi-12 amafutha amantongomane e-*almond*
- Izipuni ezi-2 zikashukela onsundu

Amakhasi ewolintshi- asiza ekukhanyiseni izindebe
Amafutha amantongomane e-*almond*- asiza ukucwazimulisa izindebe

INDLELA YOKWENZA

1. Hlanganisa impushana yamakhasi ewolintshi omisiwe, amafutha amantongomane e-*almond* kanye noshukela.
2. Gcoba inhlanganisela ezindebeni zakho bese uhlala nayo imizuzwana engama-30 kuya kwengama-60.
3. Susa inhlanganisela ngamanzi noma ngendwangu eswakeme.

IZELULEKO ZOMHLELI WEZOBUHLE

[Icashunwe ku*BONA*, September 2019, yabuye yahlelwa kabusha]

3.4 Sebenzisa igama elidwetshelwe emshweni ozakhele wona ukuze kuvele incazelo ehlukile kuna le esesikhangisini. (2)

3.5 Chaza ukubaluleka kokulandela imiyalelo yezithako kanye nendlela yokwenza kulesi sikhangisi. (2)

3.6 Hlaziya ngokuhlolisisa ukusetshenziswa kwegama ezibushelelezi kulesi sikhangisi. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO F bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

IFREYIMU YOKU-1

IFREYIMU YESI-2

IFREYIMU YESI-3

IFREYIMU YESI-4

IFREYIMU YESI-

IFREYIMU YESI-6

[Icashunwe yabuye yahlelwa kabusha ku-MRLOVENSTEIN.COM]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

4.1 Yikuphi OKUBILI okukhombisa ukuthi uMlele uphatheke kabi? Bhekisa impendulo yakho kufreyimu yoku-1. (2)

4.2 Nikeza incazelo yesimo sokukhuluma 'ngimenze isilo sengubo.' Phinda usisebenzise emshweni ozakhele wona ukuze kubonakale ukuthi uyayiqonda incazelo yaso. (2)

4.3 Humusha umbhinqo oqukethwe amazwi atholakala esibiyelweni kufreyimu yesi-5. (2)

4.4 Ucabanga ukuthi amazwi alo mlingiswa oyibhoklolo asethulela ubudlelwano obunjani phakathi kwakhe kanye nomfowabo kaMlele. Bhekisa impendulo yakho kufreyimu yesi-3. (2)

4.5 Phawula ngoteku olutholakala kufreyimu yesi-6. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G

KUHLE UKUHAMBISANA NEZIKHATHI

Inyanga kaZibandlela ibikezela ukuthi sekuyisikhathi sonyaka lapho wonke **umuntu** elungiselela isikhathi sokuyohlaba ikhefu emakhaya. Komakoti abasebancane abaganele emakhaya abasifisi nhlobo lesi sikhathi. Phela kubona kusho ukuvuka entathakusa babase umlilo, bageze izitsha, bapheke indlakuseni.

Ngalesi sikhathi imicimbi isuke ithe chithi saka omakoti bengena ngomkhono nesiphanga. Ungafunga ukuthi **umsebenzi** abawenzayo bazokhokhelwa itshe lemali. Umakoti uma kusukela ekuseni lize liyozilahla kunina. Amaholide abethi uzowachitha ekhaya aphela engazange aphumule nhlobo ngoba emzini bebebheke yena emehlweni.

Kwezinye izindawo ezisemakhaya sekuqalwe izinhlangano ezilekelela omakoti ikakhulukazi ngaleso sikhathi sonyaka uma kunemicimbi. Bayafika benze konke obekufanele kwenziwe umakoti njengokupheka amabhodwe amakhulu amnyama esintu, ukuphaka nokugeza izitsha. Konke lokhu kwethula umthwalo emahlombe kamakoti. Lezi zinhlangano abanye basemzini abazenameli ngoba bathi zigqugquzela **ubuvila** komakoti.

Omakoti bayayiphika eyobuvila bama ngokuthi bona bayasebenza futhi bayayithanda inqubo yesintu namasiko. Bayakuqonda ukuthi bona bawumgogodla wenhlalo yasekhaya. Izikhathi ziyaguquka kanjalo nabantu basemzini abakuvumele ukuguquka kwezikhathi ikakhulukazi ngokulindeleke komakoti.

[Icashunwe ku*Drum*, November 2019, yabuye yahlelwa kabusha]

5.1 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile emshweni ozakhele wona elitholakala emigqeni woku-1 selikhomba ukunciphisa. (2)

5.2 Nikeza isimo sokukhuluma esinembayo esihambisana negama elidwetshelwe elitholakala emgqeni wesi-4.

Sisebenzise lesi simo sokukhuluma emshweni ozakhele wona ukukhombisa ukuthi uyayiqonda incazelo yaso. (2)

5.3 Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni wesi-6 emshweni ozakhele wona seliqukethe umqondo owehlukile kunalo otholakala esiqeshini. (2)

5.4 Chaza umqondo oqukethwe igama elidwetshelwe emqgeni we-13. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.5 Nikeza igama elinencazelo engahambisani naleli elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni we-15.

A Indalakaxa
B Umbulukundlu
C Ukwenqena
D Impuqumpuqu (1)

5.6 Ncoma ukusetshenziswa kolimi olunxenxayo esigejaneni samazwi adwetshelwe atholakala esigabeni sokugcina. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70